



ethnikids
made for me

UNDUNKU NESIKHOVA

Ibhalwe
Siphokazi Madlingozi

Imidwebo
Anastasya Eliseeva

IMINININGWANE YOKUSHICILELA

Le ncwadi ishicilelwe yinkampani i-Ethnikids Publishers,
beyishicilela inkampani iWimpy, ngonyaka ka-2023.
Ibhalwe nguSiphokazi Madlingozi ngonyaka ka-2023.
Imidwebo nguAnastasya Eliseeva ngonyaka ka-2023.
Ukuhumusha kwesiZulu nguYamkela Khoza

Wonke amalungelo okusebenzisa le ncwadi agodliwe. Awuvumelekile
ukuyishicilela, ukuyikhiqizakabusha noma ukuguqula nanoma eyiphi
ingxenye yale ncwadi nganoma ngayiphi indlela, ngaphandle
kokuthola imvume ebhaliwe evela enkampanini yakwa-Wimpy.
I-Ethnikids Publishers yinkampani engaphansi kwe-Ethnikids (Pty) Ltd.

www.ethnikids.co.za

UANDIYIKU NESIKHOVA

Ibhalwe Siphokazi Madlingozi
Imidwebho by Anastasya Eliseeva



Kwakunenyoni encane eyayibizwa ngokuthi
uNdlunkulu.
UNdlunkulu kwakuyinyoni encane, enekhanda
elimpunga, eyayihlala ehlathini.



Njalo ekuseni, uNdlunkulu kanye nomhlambi
wabanye ondlunkulu babevuka bayofuna ukudla.



Umhlambi wawuhamba ufuna ukudla okunjengembewu,
izitshalo nezinambuzane ezincane.
Babengakufuni ukudla okukhethekile njengefuba elindiza
phezu kwamanzi libambe izinhlanzi ngomlomo walo omude,
lizigwinye ngentamo yalo enkulu, ligcwalise isisu salo esikhulu.
Umlomo kaNdlunkulu wawumncane, edla ukudla okuncane.

Akekho owayefisa ukulingana naye.



Wayenezwi elincane, elithambile uma ecula.
Yayingakhethekile indlela ayecula ngayo. Wayengafani
nenkankane elallicula ngezwi elaletusa ngisho nezilwane
ezinkulu.

Akekho owayenesikhathi sokumlalela uma ecula uNdlunkulu.





Ngelinye ilanga, ondlunkulu babendiza ngokujabula; kwabe sekugqhamuka uklebe!
Uklebe wabajaha ondlunkulu bahlakazeka bayocasha.
UNdlunkulu wacasha phakathi kwesihlahla, uklebe wazama ukumbamba.

Ngenhlanhla, uklebe wawumkhulu kakhulu ukuthi ungangena esihlahleni. Wahlala lapho uNdlunkulu eqhaqhazela ngenxa yovalo. “Heyi! Inejubane nayiya inyoni bo!” uNdlunkulu ekhuluma yedwa.
“Ngifisa sengathi benginamandla njengayo.
Kunalokho, ngiyinyoni encane, ebuthakathaka, engadliwa wuklebe noma kunini uma efuna!”

Lapho bebona ukuthi basindile kuklebe, bandizela ekhaya ondlunkulu.



UNdlunkulu wayesathukuthele, wahamba wayoshaywa wumoya.
Wayethukuthele ecabanga ukuthi kubuhlungu kanjani ukuba
ngundlunkulu.
Wayengabhekile lapho eya khona. Kwathi kusenjalo, wazithela
entweni ethambile, inoboya.
"Hhawu! Yini manje?" washo ekhahlela.



Kwathi lapho
ephakamisa amehlo,
wangakukholwa
ayekubona.
Kwakuyisidalwa
esihloniphekile kunazo
zonke ayeke
wazibona!

Kwakuyisikhova,
inyoni enezimpaphe
ezinomlingo,
ezazikwazi ukufeza
amaphupho.





“Sikhova ngisize bakithi ungiphe izimpaphe zakho,” kuncenga uNdlunkulu.
"Kungani ufuna izimpaphe zami?" kubuza uSikhova.
UNdlunkulu watshela uSikhova ukuthi waphunyuka kanjani kuklebe.
Wamtshela ukuthi kwakubuhlungu kanjani ukuba ngundlunkulu.

USikhova wamdabukela uNdlukulu wabe esemnika uphaphe olulodwa lwemilingo.

“Ngaloluphaphe, ungakwazi ukufeza amaphupho amahlanu. Ulusebenzise ngobuhlakani,” kusho uSikhova.

"Hawu, ngiyabonga!" kubabaza uNdlunkulu. Wabuyela ekhaya esejabule ngenye indlela.






Lapho efika ekhaya, wazibuza
ukuthi yisiphi isifiso
ayezoqala asifeze.

Ukuba nezimpaphe
ezinhle ezibomvana
njengomakholwase,
wacabanga.

“Ngenhliziyo yami yonke, ngifuna
ukuba nombala obomvana ngifane
nomakholwase,” kusho uNdlunkulu.

Guququ! Waphenduka waba bomvana uNdlunkulu.
Wayengasakwazi ukulinda ukubonisa abanye ondlunkulu.



Wavuka ekuseni uNdlunkulu
wahamba ekhangisa ngezimpaphe
zakhe ezinhle.
Abanye ondlunkulu kwabamangaza
lokhu.

Bandiza naye beyofuna ukudla
noma nje babengafuni.

Waba nokuziqhenya
uNdlunkulu uma ebona
zonke ezinye izinyoni
zimbuka.





Kwathi lapho izinyoni zisafuna ukudla, waphinde wavela uklebe.
Babaleka ondlunkulu befuna umgodi wokucasha.



Izimpaphe ezibomvana zikaNdlunkulu zagqama, uklebe wabona lapho zazicashe khona.
Uklebe wehla wacishe wathatha inyoni eyodwa, kodwa yasinda ngokulambisa.



Umhlambi wezinyoni wacasuka, watshela uNdlunkulu ukuthi ngeke uphinde undize naye.

Phakathi nehlathi, uNdlunkulu wahlangana nomhlambi wamaphigogo amahle.

Wawabuka ehabaza ubuhle bawo, wayesenguma ukuthi ufuna umsila omibalabala kanye nesicholo esihle sephigogo!

Lesi kwakuyisifiso sakhe sesibili.



Wayeqala ngqa empilweni yakhe uNdlunkulu ukubona abantu bembuka.

Wonke umuntu wayebabaza ubuhle bezimpaphe zakhe.

Waziqhenya uNdlunkulu, ezizwa ebalulekile ngenxa yezimpaphe zakhe ezinhle.

Akuphelanga sikhathi esingakanani, imilenze kaNdlunkulu yaqala ukusindwa yilomsila omude.



Akunankinga, wacabanga edlula umhlambi wezintshe.
“Ngifuna ukuba nemilenze nezimpiko eziqine njengezentshe.”
Nangempelea, uNdlunkulu waba nemilenze emide
nezimpiko ezinamandla ezifana nezentshe!



Wonke umuntu wambuka,
ngisho nomakholwase babefisa
ukuba nemilenze efana neyakhe.

Waqala walamba uNdlunkulu.
Wayedinga ukudla okuningi ukuze
abe namandla okuthwala lezo
zimpiko nemilenze emikhulu.

Imbewu, izitshalo nezinambuzane
kwakungeke kusamenelisa, kodwa
umlomo wakhe wawungakwazi
ukubamba ukudla okukhulu.






Wathi esahamba wabona
umhlambi wamafuba.
“Ehee! Yilokhu kanye
engikudingayo,” esho ekhumbula.
Ngenhliziyo yakhe yonke wafisa
ukuba nomlomo omude,
umphimbo omkhulu kanye
nesisu esikhulu esingabamba
ukudla okuningi njengefuba.

Isifiso sakhe safezeka
ngempela.

Nanguya eya echibini ukuze
ayozingela izinhlanzi.





"Haaarr-haaarr!" kusho inkankane lidlula.
Ehee! Kudala nami ngifuna ukuba nezwi elifana naleli,
wacabanga uNdlunkulu.
Ayikho into ayeyifisa njengezwi lenkankane.
Ngokuphazima kweso, wayesenezwi lenkankane.

Wafika echibini wazibona emanzini.
"Haaarr-haaarr!" wamemeza, ezethusa naye.



Wabanga umsindo, zonke
izinhlanzi zacwila zabaleka.
Akakwazanga ngisho
nokubamba eyodwa.



Wahamba elibangise
ekhaya. Wayelambile,
ekhathele futhi enesizungu.
Wabuka umhlambi wabanye
ondlunkulu undiza, wabona
indlela ababejabule ngayo
bendawonye.
"Bheka nje ukuthi bajabule
kanjani. Yeka ingoma
emnandi abayiculayo!



Yeka inhlanhla abanayo
ngokuba nabangani nokudla
okuningi," kusho uNdlunkulu.

Walibona iphutha ayelenzile.
"Ngifuna ukuphinda ngibe wundlunkulu ngenhliziyo yami
yonke."

Akuzange kwenzeka lutho. Hawu we ma! Wakhumbula ukuthi
wayesezisebenzise zonke izifiso zakhe ezinhlanu!
Kwakumele athole isikhova masinyane.



Ngemuva kwesikhathi eside ethungatha isikhova, wagcina esitholile.
“Ngiyakucela bandla Sikhova, ngenze ngibe wundlunkulu futhi,”
washweleza.
"Kungani ufuna ukuba wundlunkulu futhi?" kubuza uSikhova.
“Ngifuna ukuba yimina, ngenhliziyo yami yonke.”

“O! Ngiyabona ukuthi usuzuze ubuhlakani manje,” kusho uSikhova.
"Usubonile ukuthi ubaluleke kangakanani." Ngalawo mazwi,
uNdlunkulu wabuyela esimweni sakhe futhi.

Wabuyela emhlanjini wondlunkulu futhi waphila ngokujabula kuze
kube phakade, endiza ngezimpiko zakhe ezincane, ezingela ukudla
nabanye ondlunkulu ababecishe bafane naye.

IYAPHELA

